## Isifundo seSikole seSonto.

### Esesihlanu: February 3.

### UJESU INKOSI yeSONTO

MARK 2:13-28; 3:1-6

ISITATELO,—"INdodana yeSintu iyiNkosi yalo iSabata." Mk. 2:28.

AMANYE AMAVESI AWOTISHA: Eks. 20:8-11; Isaiah 58:13-14; Matt. 12:1-8; Luke 4:16.

Lapa sinesifundo esidabukisayo ekuhambeni kukaJesu. Yisifundo esiyisiprofeto. Ngapandhle kwokuba yisifundo ngeSabata sibonisa futi ukuqalisa kwenzondo kuJesu. Ivesi lokuqala lalesisifundo liti,—(13) "Umbonda wonke wabantu wahlangana kuye, wabafundisa," elokugcina liti,—(6) "AbaFarisi bapuma base beyocebisana isu lokumbulala." Lamavesi omabili yiwona apete indaba yokuhamba kukaJesu. Iminyaka emibili isixuku sabe simlandela esifundisa; iminyaka emibili abaFarisi babecebisana ukuba bangamqeda kanjani. Masihlale sikumbula loku kwokubili kwezinye izifundo zetu lezi.

13-12. Lapa uJesu usolwa ngokuti udhlelana nezoni. "IZONI" kwakuyigama okwakubizwa ngalo abaWAKI, namashayakote, namasela, nabatelisi (okungukuti ababuti bentelo) nabalusi nabanye.

UMatewu waengumtelisi. UJesu wambiza ukuba abe ngumfundi wake, wase uyaushiya kona lapo umsebenzi wake wamlandela. Lesi kwaku yisenzo sesibindi nento yamehlo kuJesu. Futi kwakuyisimemo esikulu. Inkolo yobuJuda yabaFarisi kwabe kuyinkolo yohlobo oluketa abaketiweyo abayingcozana abanamatele esikweni elidala. UJesu ngqkubiza uMatewu umTelisi wamemezela ukuti inkolo yake entsha ayiketi sigaba yona kodwa bonke bayakwamkelwa inxa bezibonakalisa befanele ngokomoya, bonke bayaunyelwa ukuba bangabantwana bakaYise waseZulwini ngokufanayo. (15) Loku kwakulusuku olukulu kuMatewu ngako walungisa idili elikulu wamema izihlobo zake, wenza umkosi kanye nazo wehlelo elisha elalimiswa nguJesu.

18-20. Okunye ukucwepesha ukwenza kukaJesu. Akakutazanga abaFundi bake ukuba bazile. Impendulo yake iti ukuzila ukwenziwa kwako ngabaFarisi kungumdati nje wenkolo. Waekolwa umtandazo edhlula bonke ekolwa ukuzwana noNkulunkulu, kodwa uma behlezi neNdodana kaNkulunkulu uqobo bazauze bahambe bezilelani? Mabakuleke kuNkulunkulu njengoba enza bayeke uba babe yiloku begcina umdati nje wokukolwa.

21-23. Amaqiniso amasha uJesu awazisileyo lap'emhlabeni, umongo omusha wokufundisa kwake wawuhlukile kwokudala ukuba kwaku ngenakwenzeka ukuba alinge ukuvumelana nemiteto yobuJuda yabaFarisi. Wayengenakuti epemba okusha abe esanamatele kwokudala.

Loku kwokubili kwahlukene ngokweqile. Kwahluke njengoba indwangu epuma ebetweni yahluke endwangwini esigugile endala, kwahluke njengewayini elisha kwelidala elimuncu, kuhle kube iloku kubekwe kodwa endaweni yako. Ngako uJesu wanquma okanye ukuba aqalise ukufundisa kwake okusha nokombuso wake ngendhlela okuyiyona eyosiza umsebenzi wake, kungakatalekile noma kungafikisa ukuciywa okungakanani kubaholi, fabadala. 23-28 E, uJesu lapa ubetana nabaFarisi ngokugcinwa kweSabata. AbaFarisi babesimze balenze iSabata laba yintende yesiko lomkuba nje ukuba ugcinwe abantu ngobugqili, kube kungabhekiselwe ensizakalweni okuyoba yiko emipefumulweni yabantu. Babeka umteto nje kuqala, kuti inhlala kahle yomoya neyokuhamba kahle kwabantu nesimo esipilileyo somzimba nezinswelo zomzimba zibe ngezesibili. UJesu ubeka umuntu emqoka, izinswelo zomoya nezokuhamb'okuhle, besekuti iSabata lisize loko. Kufanele ngani umuntu nezisebenzi zake bangasebenzi ngeSabata, kufanele ngani ukuba aligcine libe ngcwele, kufanele ngani ukuba aye esontweni afunde izwi likaNkulunkulu ngalolo lusuku? UmFarisi wapendula wati, "Ngoba umteto usho njalo." UJesu uti, ngokuba ukukwenza yikona okusiza kakulu ukufunzwa kwompefumulo womuntu, okumsiza kakulu ukwazi uNkulunkulu kumenze aqine ngokuhamba okuhle.

Nanka amanye amavesi abonisa okwenziwa uJesu ngeSabata, Matt, 1:1-27, 29-32, Joh. 5:5-15, Lk. 13:10-12, 14:1-6, Joh. 9:1-16, Mk. 1:1-6, Lk. 4:16, Joh. 7:14-22, 23, Lk. 14:1.

Lamavesi abonisa okwafundiswa nguJesu ngeSabata, Mk. 2: 27: 3;4, Lk. 6:9, Mat. 12:10, Lk. 14:5, Matt. 12:11 12, Mk. 2:28, Lk. 6:5.

23-24. Loku kwakukusasa ngeSabata, makube uJesu nabafundi bake babebuya enkonzweni yasekuseni endhlini yokuSonta. Bati bedabula insimu yamabele, belambile baka izikwebu, bazihlikihla ngezandhla badhla Kwakuvunyelwe ngalesosikati ukuba umuntu angene ensimini afule amabele alingene ukuqeda ipango angadhlulisi. Ngako lababafundi kepa babengantshontshi, ababekwenza lapa kwakuvunyelwe. Kodwa, emehlweni abaFarisi kwakuyisono ngeSabata, ngoba ukuka amabele kwakungati ukuvuna nokuhlikihla amakoba kwaku ukubhula, ngako babekwa icala lokuvuna nokubhula ngeSabata. Futi kwakukona usiko wabaFarisi owawalela umuntu ukuba aposele izinkuku zake amabele angapezu kwokuba ziwudhle, ngoba uma izinkuku zishiya uhlamvu lwebele noma zibe zimbili bese lumila, lowo owaepa izinkuku angaba necala lokuba ahlwanyel'imbewu ngeSabata. UJesu uvuna ukwenza kwabaFundi ngokubakombisa imibhalo yakubo ebakumbuza okwenziwa ngu-Davida ukoko wabo mzuku ehambile lapo waze wadhla isinkwa esingcwele esasidhliwa ngumPristi kupela. UDavida waesekuntuleni okukulu, ngako kwakumfanele ukuba asidhle isinkwa leso. Nabafundi laba babedinga ukudhla ngako kwakufanele ukuba b'ake badhle amabele ngeSabata. Ukwenza loku kwakungab'oni ngaluto ezinhliziyweni nasemoyeni kepa kwabe kuqinisa imizimba yabo. Kungako kufanele nati manje sizipekele ukudhla ngeSonto, siyokuka amanzi senze nani yezinswelo zetu zemizimba yetu ebesinge nakukwenza ngezinsuku zeSonto. Kepa kusweleke silinge ukwenza konke esinamandhla okukwenza pakati kweSonto kona siyoba namandhla ukuba iSabata silenze libe lusuku lokupumula ngempela nolokuhlumelelisa imipefumlo yetu.

3:1-6 Kwabuye kwati ngalo lololusuku, mhlaimbe ngalo leloSabata, uJesu wabuyela endhlini yokusonta wafike wabona umuntu enesandhla esikoshobeleyo. Umuntu okubonakalayo ukuba uyausizwa ngokwelashwa.

— AbaFarisi manje sebemhlomele uJesu kuhle kwekati lihlomele igundane. UJesu uyabacupuluzake, (4) kepa bahluleka ukumpendula. Ukungaki kwabo okupolileyo, okulukuni, kwokuzenzisa kwagcwalisa inhliziyo kaJesu ngolaka olulungileyo. Ngokubadelela okusobala wati kumuntu lowo melule isandhla sake esibutakataka. Umuntu wenze njalo wapila. Base bayabona abaFarisi ukuti kafuni ukutobela amandhla abo necebo labo. Base njalo bemenza umfundisi oyingozi base becebisana ukumsusa. NgeSabata masenze loko okuyosiza kakulu imipefumlo yetu Labanye; sifunde iBhaibheli letu, sizwane noNkulunkulu, sidumise kanye nabanye abantu bakaNkulunkulu, kuti lapo kungenzeka sibe usizo kwabanye, ngezenzo zomusa namazwi otando nasekufakazeni kubo ngoJesu uMsindisi wetu.

## Balibele uMafukuzela abeze ngibakote ubhici.

Ku Mhleli we"Langa."

Mngane,—Ngicela ibalana ngikombe okungabonwayo, okungeziwayo, okungenakwe bangaki ngoMafukuzela. Ngidabuka ngoba ngingesiye no"Notandukubukwa njengesiyepu." Abantu abanye badhla izingane zabo beti badhla ubhece babambe impande baze bajuluke beti babamba umsila! Abeze ngibakote ubhici! UBufukezela lobu budala engakazalwa lomfana abambona efukuzela ngezinyembezi ngenxa yoHlanga kungati udhla lukulu. Ezibongweni zikaDube uyiseMkulu kaMafukuzela kukona okuti "Unyanda yemfe isapela namakwani." Asibo uBufukuzela lobo na? Nokuti, Umtandi wokuzeka engwa qangwaqeni." Asibo lobo futi na? Nokuti, uDhludhlunga nkomo iyakuwela." Asibo lobo na? Nokuti "Itole lehle ngamandhla kuMabengele linga. sancenge nakwapuka lupondo." Asibo ubuFukuzela bobudala lobo na?

Sibamba umsila wemamba singazi lapa ikanda lingakona na? Sinqampuna amagatya singazi lapo umile kona na? Amuko umuntu onyesiye uGumbela kwe sake ongaboniyo ukuti lobuBufukuzela butwasiswa (inspired) nguSimakade wemikosi. Ake nitate amazwi amakosi akade emenywe eP. M. Burg Ladysmith Durban etc. niwaqondanise necala likaDube noMarwick nibone ukuba lelicala alitweswayo elikabani?

Walitwala icala Mafukuzela lingecala lako. Abelungu bakubona kamhlope bona loko.

Yimi owako,
B. M. NGCOBO.

## Obabaza umuti.

Mhlobo otandekayo,—Ngiyatokoza ukunazisa ngesifo enganginaso enganginazaqondi nokuti ukona udokotela ongangisiza. Ngaze ngasizwa udokotela uMr. Frank L. Dawber. Impela mhlobo otandekayo ngasengahlulekile kubo bonke odokotela babantu nabamhlope nginesifo esibi sepupo nesinye, ngingapumuli imihla ngemihla iminyaka ngeminyaka. Kwangiqala ngisemncane ngaze ngangaka. Namhla nje sengipumule. Ngatola yena wanginika ama bhodhlela amabili ngati ngiwaqeda ngase ngipilile kuze kube namhlanje. Impela udokotela odumileyo impela. Imiti yake inamandhla kabi nganginga saqondi. Ogulayo impela mihlobo etandekayo angaziputuma kuyena. Udokotela ongapambili kwabanye. Tina asesipilisile nje siyatokoza ukufa kaza ngaye njengaloku esenabantu abaningi asababapilisa. Nga niziputuma kuyena.

Yimi,
Mrs. JUDAIDA NDHOVU.
Cornfields School,
Chieveley,
Natal.

AUNAKUTOLWA.

Ngisho ungafuna pi, ungeze wawutola umuti ongcono nongawetembayo wesisu nezifo zangapakati odhlula izinhlamvana zikaChamberlain. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.

## UMUNTU KAFI APELE.

Seku'nkati nganginxanele ukuveza ingqondo yami kwabakiti abafunda ipepa le"Langa," kengibenekele engikubonayo ngalaw'amazwi angapezulu, kepa isikati angibanga naso; okunye futi engakuswelayo, ngobupofu, amapepa okuloba, ngoba imisebenzi yonke idinga imali. Sengati-ke namhla ake ngizame, noma ngiswele; kona ngizakuveza engikubonayo kulabo abatile abayakukubona ukuti kuyabasiza.

1. Izwi lokuti "Umuntu kafi apele," ngilishiso ngoba tina'bantu sizingesibambelele esidunjini somuntu, siqinise sisibize ngokuti "Ubanibani" lo, inganti siyaponsisa inxa sitsho njalo, akusiye "Ubanibani" lowo; siyeka ukuti "Isidumbu sika Banibani" lesi. Kuti-ke lapa sokufe isidumbu somuntu ngokumuka kwomniniso, besesiti ufile, siyeke ukuti umukile esidunjini, usishiyile isidumbu sake "Ubanibani" namhlanje.

Loku-ke ngikutsho ngani na? Ngikutsho ngoba nonxa sifunda encwadini kaGenesis, ngokudalwa kwomuntu kutiwa, uNkulunkulu es'esibumbile isidumbu somuntu ngenhlabati, wapefumlela emakaleni aso umoya wake ozwayo, ngaloko inhlabati leyo yaguquka umuntu ngokunyakaza nokukuluma. Loko kus'obala kumuntu wonke onengqondo, ukuti, lo'moya owapefumlelwa esidunjini somuntu ngalowo'muhla awubonanga ube usapela, waba kona ngalelo'langa loku kuze kube namhlanje.

Ingqondo yalo'muntu owaqala ukuloba iGenesis yabe inhle, kus'obala ukuti wab'engumuntu olungileyo, esekelwe futi nguMoya kaNkulunkulu, nakuba engapikiswa yizazi zanamhlanje kwezinye izindawo, ngoba zona sezi nokwazi okudhlula okwalowo ngokupindwe kaninginingi. Liqinisile izwi lake lokuti, umuntu wabunjwa ngotuli lomhlabati, uyakubuyela emhlabatini atatshatwa kuwona, uti umoya kaNkulunkulu ubuyele ku'mniniwo nawo.

Ake nginikombise isimo sesidumbu somuntu ukufana kwaso nomhlaba:—

i. Isidumbu sonke sing'umhlaba njengaloku umi unjalo:

ii. Amatambo onke omuntu ang'amatshe emhlabeni;

iii. Imitambo yonke es'emzimbeni womuntu y'imifula lena yemifulana;

iv. Inhliziyo yomuntu ing'ulwandhle, lapa imifula nemifulana iye igcine kona, njengokuhamba kwegazi emzimbeni womuntu;

v. Izinwele pezu kwekanda lomuntu zing'utshani lobu obumile pezu kwomhlaba;

vi. Ubuhlungu bonke obuzwakala ku'muntu bugijima njengonyazi buye enhliziyweni njengaloku imifula yonke nemifulana ibika ngesikatshana, ibikele ulwandhle, elona'yise wayo yonke, emikulu nemincane.

Kunjalo ke, igazi lalingayikubako emzimbeni womuntu uma yaingeko imifula emhlabeni. Ngobake kukona imifula, umuntu kuhle adhle apuze okutambileyo njalo nokumanzi, okuza uswakamisa lo'mzimba wake njengoba amanzi aswakamisa umhlabati. Kungalokoke sitanda ukupuza nokudhla oku'manzi njalo. Futi konke ukudhla okupekwe ngamanzi, kuy'ingcozana okwomileyo kuko uma sekuvovwa kulinganiswa okwomileyo nokumanzi, kuningi kakulu okumanzi okungapuma kuloko'kudhla.

II. Ukukonjiswa kwetu ukuti "umuntu kafi apele," sikonjiswa ngokuma kwezinto ezidalwe nguMenzi, njengo mhlaba, nezulu, nezinkwenkwezi zonke esizibona ekudeni, ngawo law'amehlwana etu esawanikelwa ukuba sibone ngawo konke loku esimiswe pezu kwako.

Okwokuqala, ilanga lipuma ngenzansi, ligijime ngejubane elikulu liye linyamalale ngenhla, kuhlwe; kuyasa sesibona elinye futi.

Okwobubili, amanzi apume ngenhla ayehla, agijima ngejubane elikulu aya elwandhle, afike qede kulo eme odwa nganeno angangeni pakati kwalo, kodwa agijime aqonde esizalweni sawo, sibuye siwabone es'epinda ehla ngay'indhlela yawo futi, njengomkuba owenziwa ilanga.

Okwobutatu, inyanga ifa ngezinsuku ezingapele kahle amashumi amatatu, inyamalale izinsuku ezimbili ipinde ibonakale futi ngolwesitatu.

Okwobune, kukona uMoya ovutelayo; kwesinye isikati uMoya lo uvutela ngamandhla amakulu, uze uwise imiti emikulu nezindhlu ezakiwe kahle eziqinile. Kepa, akuko'muntu ongawubonayo lo'moya onamandhla angako ngamehlo ake, kawaziwa'muntu ukuti unjani umbala wawo.

Konke-ke loku kusikombisa ukuti, njengoba umuntu edalwe ngokunjengalezi'zigameko "Kafi apele" njengazo, uyaguquka nje naye njengoba zihlala ziguquka ngezikati ezimiselwe zona. Futi kus'obala ukuti kwati mdhla kudalwa umuntu, safa qede isidumbu—ngokuguga nangokulinyazwa yingozi yesifo nokunye okutile—kodwa kaz'afa umuntu oyenayena—umoya kaNkulunkulu ongafiyo. Ngoba ngokwesiminya kako noyedwa ongabona uNkulunkulu ngamehlo ake; kunjaloke nangomuntu opakati kwesidumbu angez'abonwa'muntu, ngoba pela unguNkulunkulu uqobo ongafiyo.

Konje tina esikona namhlanje sabe sipi kulezo'nsuku mdhla kudalwa labo bokuqala na?

Konje kungatshiwo yini ukuti saka sanqamuka asaba-kona, namhlanje sesing'abanye, asise ibo labo abadalwa ngalelo'langa na?

Mina ngingevume ukuti sing'abanye, nokuti sahlukene nalabo bokuqala; mina ngiti, sasikona mzuku loko loku kuze kube namhlanje. Ngani na? Ngoba uma sokufike ubutongo, auzwa ukuti ulele, uti ukona njengoba ukade ukona njalo; kodwa uti ngokupapama ube yikona ubonayo ukuti kanti kade ulele; kube yikona seulauza namapupo obe uwapupa, loku kade uti konke loku okubonayo kuyisiminya. Ngoba pela umuntu angakutwala ulele ungezwa, aze ayekukumbela akugqibe njengofileyo, ube wena ukuluma nalabo esingababoniyo, ababonwa uwena wedwa. Upapame qede uti, "O! Kanti kade ngipupa." Kunjalo ke nas'ekufeni; umuntu kayikuze akwazi ukuti kade enza ukuti nokuti, ekuluma ukuti nokuti nobani, ebona izindaba, izinto zokuti nokuti, okungesiwo amaqiniso konke loko. Qa! Kuyaukuba njengoba umuntu esaqala ukuba-kona kufane nengane le esand'ukuzalwa. Yingaloko-ke ngite emazwini ami apambili engangibuza ngawo ukuti,—

"SAPUMAPI TINA?"

Ngaveza lamazwi engasolwa ngawo ngabanye bakiti, bengipikisa, ngiti:—Le'ngane oyibona izalwa namhlanje ingati iyaqala ukuvela, indala kade yabe ikona.

Ingane leyo izelwe ngunina, ipuma esiswini. Yiso leso-ke isizalo esifana nesomfula esengisitshilo, ngati, amanzi ehla qede angangeni elwandhle; afike qede abange kulo angangeni eme odwa, abange esizalweni somfula, afike angene kuso; and'uba kuti uba apumele nganeno apinde ewuke futi ezekudhlula kiti njenga kuqala.

Po! Uma kunjengaloko engikutshoyo, ubani ongahle ati kuyafiwa, loku sihlezi sipendupenduka, sehla senyuka njengamanzi nelanga nje na? Kodwa engiqinisa ngako mina, ngiti:—Kako noyedwa oyakupinda aqonde ukuti kade ekulo'mhlaba esikuwo namhlanje, uma isidumbu sake sesinyamalele emehlweni etu, ngokumbelwa emhlabeni nokubola. Ngiti: Kuyafana kuye nokuba ekona nje, kube njengoba ekona nje, kodwa engekutshele nakanye ukuti kade epi. Ingane ingeze yakutshela, uma is'ipumile esiswini, ukuti kade ipi, nokuti kade ihlezi kanjani, ibusa nga'ntoni esiswini sikanina.

Ngani na? Ngoba yazi okuningi, nezindaba nemibuso ekade ikuyo; kodwa aivunyelwe ukuba ikulume ilandise noyedwa; itule ingati iy'isituta nje, ihlakanipe kunawe.

(Isayakuxunyelelwa.)

## Ku Mhleli we"Langa"

Mngane,—Sekuyisikati ngibona izinewadi ezininingi ezinhleni ze"Langa," zikuluma ngendaba eyavezwa uMiss V. S. Makanya ngesihloko esiti,—

"SIYOVIKELWA NGUBANI?"

Intombi yayibuza umbuzo, kodwa noko akuko kuze kube manje oupendulile, nonika indhlela yokuvikela. Njengomumo walendaba, ngizwa nami nginesifiso sokuba ngitsho into ebanga bonke ububi pakati kwezintombi zakiti. Ngiti mina icala lipezu kwetu sonke, boBaba, Mame, boSisi nani Bafowetu. Isizatu sami sokuqala yilesi:—Abazali batini uma intombi yabo itanda iKula? Ingani yibo abemukela imali beti kulo "Mkwenyana?" Intombike kulamazwi, iyakutazeleka ibone ukuti kanti yenza kahle ngoba abazali bayo abayisoli. Nezinyeke zibone ukuti kanti akusilo ihlazo ukugana "Izinhlanga."

Izinsizwa zininingi ngizibona emadolo bheni ziti, "Wetu ngifuna lonondindwa walapa, iNgada yakwetu iyamfuna." Lokoke niti kungavela kanjani ubuhle uma tina uqobo lwetu sinikela ngesifazane sakiti eziteni? Amantombazana awanako ukuzaka wona ngokwawo; niyazi ukuti imiqondo yawo ibutaka kakulu. Kuhleke abazali nati tina zinsizwa sikusole okubi, singawavumeli neze amantombazana ezintweni ezingcolile.

Enye into engifuna ukuyipaula lle,—Tina bafana basezikolweni, imvama yetu, iyawashonisa amantombazane. Siti nxa sikuluma nawo, iti nxa mhlaumbe ayivumi nokuba iyingene indaba yako, bese siti ayinawo amaManners. Kanti futi uma ngitanda na nayo kuvele into embi kuyo kanti noko, kepa ngipike—loko kuyenza isale isizibheca nje kuwo amaKilimane, ngoba iyazi ukuti ayiseko esibalweni. Angazi ukuti ngingabalisa ngitini ngalendaba. Sinecala sonke ngoba siyazivuna izinto ezingafanele.

Kuhleke ukuba into yokuqala abazali badale elabo isu lokugwema izipo ezingeko emtetweni—ngitsho ukuti ezingaveli kubantu abafanele. Tina zinsizwa sifanele ukuba sikusole ukuhamba kabi kwamantombazana. Nati tina uqobo lwetu singawawungi.

Nina zintombi zigcineni nina; nilalele uma nisolwa. Nikwesabe okuyihlazo. Ningadonswa yimali yama Sulumane!

Nxa loku kungagcizeleleka ezingqondweni zenu, uyobonakala umahluko wobungcono.

Yimina,
A. S. SIBANKULU.

## Opendula owakwabo Amelamayo.

Wo! Sizoshonapi na babakazi uChampion? Sabe sate sikuluma nayo yonke intsha yakiti kwafumaniseka ukuti intsha ayiko manje engase izipendulele ngapandhle kowabekwayo intsha ukuba ayipendulele? Pela ngisho yena umnewetu engibonayo ukuti waketwa enhlanganweni yentsha ukuba ayipendulele yonke ingabe wauhlangene ebusuku yini.

Cabo-ke mnewetu ngixolele ngiyakucela uma ngiti kuwe ngiyabona awufundisisanga kahle kababa; uma lisekona lelopepa wokulitate ukubhekisise futi uyokuzwa ukuti ngabe ngitini. Mina njengoba ngabe ngilobile, angikumbuli ukuti yizinsizwa eziyimbangi yako konke loko, ngakuluma ngentsha. Mhlaumbe kuwe igama eliti "Intsha" kuwe liqondiselwe ezinsizweni. ca, akunjalo uma ucabanga ukuti lisho izinsizwa anginamahloni ungumnewetu ukukutyela ukuti kanti awulazi ukuti lishoni, awulibuzanga kwabalivezayo lelogama.

Impela ayiko into engitokozisa nje ngokubona ukuti kubafundi bepepa kukona abala ukasha njengomnewetu lona uChampion. Ayi tina uyi "Sigwebane" mnewetu awedhlulwa luto nempela. Mina ngiyabona ukuti kungcono uChampion lona asale esenikwa iziqu ngalomsebenzi awukutalele ngalo luhlobo. Uti akunjalo? Ngibuza kuwe njalo mnewetu.

Futi kuyangitokozisa ukukutshela ukuti bengingeke ngakuluma ngapandhle kokuba ngingakulumeli ngesengike ngakubona kona lapo ezindaweni ozibalileyo wena, pezu koTugela, ngendhlela eqonde kwaDukuza naseSadhloko. Uma konke loku okubale ngezifundiswakazi zasoTugela bengingakubonanga bengingeke ngawuvula okababa lona. Futi nabo labo singabavikela nje nawe sobabili kakulu futi. Kodwa wena ufuna ukuba sikolwe ukuti singeze sakwenza, upika iqiniso ulazi. Qa, akwenziwa njalo kababa.

Leyontokazi okuluma ngayo eyaya yayogana kwaZulu wena awuboni ukuti yehlukaniswa yini nomlungu lowo? Wenzelani mnewetu? Uma ungayibonike okwelamayo uzokusiza nje akutshele. Yahlukaniswa izinkulumo zalabo abaye bekuluma kuyo izinsuku ngezinsuku. Kodwa wena Champion awuboni yini lendaba ukuti abantu abalaziyo iqiniso bangayipata njengabefundisi nabashumayeli? Pela abefundisi abatati ngokumpoqa umuntu bakuluma kahle kubantu bezwe aba nezindhlebe zokuzwa bangezwa abangenazo. Kodwa noko abefundisi banga cunuki uma kukona abangezwayo. Nati ke baba nawe singase sinakekele njalo ukude sikuluma nabo labo esibadabuke layo. Ngiyetemba aunakungilahla lapo kababa.

Ngiyetemba uMr. Thema usezwile ukuti uChampion akamfuni ukuba anga kuluma ngezakwaZulu. Kepa ngiyamangala ngoba kwatiwa umuntu omnyama ahlangane abe munye. akushiwongo ukuti abakuluma ulimi lunye abahlangane bodwa. Wobe uyezwake Mr. Thema ukuti uChampion inkosi yepepa leli akafuni ukuba angabanezwi kulo ngoba awusiye umZulu. Kodwa niti bakiti abelungu bangayeka kanjani ukwenza ubandhlululo uma tina esimnyama silwenza pakati kwetu? Ngiyetemba uChampion ukuti uzokuti abeSutu abakwele bodwa ezitimeleni. Uti akunjalo mnewetu?

Uma kodwa ususola abantu abanjengoMhleli nje waze uti ubanjalo wapuma ezandhleni zaobani?

Impela kababa ngiyabona uhlobo lwako ungumuntu owazi konke

Ngiyamdabukela uMiss Makanya ngoba wabonwa uwe nje wabonwa icala. Wobe uyezwa Miss Makanya ungazikolisi uti uyapendula funa udalulwe mta kaMakanya. Woqonda ukuti uChampion lona upata isihlangu senkabi wena wakusikela esezinyane lembuzi.

Angisho ukuti batengiswa izinsizwa nempela angizange ngibandhlulule luto kodwa ngakala nje entsheni yakiti. Uma wabona ukuti epepeni ngakuluma ngezinsizwa ngiyakolwa yilo lodwa elaye lingacindezelwanga kahle.

Ubuza oyise bezilwane? Ingani ngibuza ngako njalo ngoba angikaze ngilibone iBhasitele lekula uyise ku umuntu omnyama. Ngabe ngiyajabula uma ngike ngabona loko. Mina ngibo na sengati olwakiti uhlobo alunazinku nzi ezibukali.

Xola Mhleli ngokwelula.

Owako omncane,
MOSES M. NKUKU.

## Ku Mhleli we"Langa"

Ngicela ukuba ungifakele lamazwi emaNeneni, ngalomonakalo ose uqede izwe.

Mina ngiti bayekeleni abelungu Kulezinsuku kufuneka sikumbule uMmeleli umkokeli osikokelayo. Ake nifunde Mawetu encwadini kaEsther Isahluko 4, nisifunde sonke lesisahluko.

Futi nginikumbuza ukuti ake nibheke amaIsrayeli uma eseGipiti. Nabo bakala kuye loMmeleli wabazwela; nati sekusifanele ngoba oBaba betu, amakosi etu abafuni nokusilalela nokusizwela, baqonde ubomi betu.

Ngitike mina yisikati lesi esokuba omncane nomdala afune iNkolo. Ake nibone ngoba abelungu besiti siya basebenza, sikipa nezimali, kuba vele zimpi sibasize; Imipefumulo yakiti miningi eyafela ezimpini, siti siqonde inhlala kahle. siti kobalula ukuba basinike amalungelo. Konke loko kwalekile. Sebefisa ukuba siyokufa yindhlala nayifiva. Lelizwe elikonjwayo nabake kulo bagcwele lapa batengwa ngamasaka ngenxa yendhlala, kungako ngiti lezinsuku esinazo zinsuku zensizi kufuneka sibuze uSomandhla ukuti yini kangaka, yena uzosipendula.

Ngicela lokoke mina kwisizwe esiNtsundu ukuba ke sizile sitandaze; ke niyeke lomtandazo wokudhlala.

Xola Mhleli ngokwelula.

Yimina,
J. MSIMANG.

WUBEKE EDUZE.

Kudingeka umuntu ashesha azipuluine inxa ehlambulula. Umuti kaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula kusweleka uhlale useduze. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

## Ku Mhleli we"LANGA"

Mngane,—Ngivumele kengipendule noma ngibuze uMr. Allison Champion UMr. Champion lona sengimfune ngati angimtole lapa eqonde kona nale ndaba.

Uti uma ependula uMr. Nkuku uti angase ambalele onke amahlazo awaziyo kanye noMiss Makanya ukuba angase amvezele amehlo abantu.

Uti uMr. Champion yena akuyekwe nje kubukelwe iketo umuntu wesilisa angakulumi ngoba asoze asize luto, bazilungisele bona indaba yabo (izintombi nje ngoba lendaba yavezwa uMiss Makanya ngokuti, Sovikelwa ubani, bapendula bonke ngokwehlukana. Wena usexukwini lalaba eliti akubukelwe nje. Wena ngokwako uyabona yini ukuti lendaba ingapumelela uma abesifazane bezipatele ngokwabo ngapandhle kwowesilisa ukuba ale pakati kwabo? Uqondeni wena kule ndaba? Uqonde ukuba ingakulunywa kuyekwe nje? Wena ngokwako aufuni yini ukuba abesifazane bakiti bapumelele kulamahlazo? Mina ngokwami ngizwa uti kuNkuku akayeke angati diki, njengoba uvumele leyontombi ukuti ngabecela koDube ukube babenze le elabo ipepa. Kulona lelopepa kungasizani uma kungeko ndoda engabalulela? Kona lapo kuTeachers' Conference leyo Conference eyabesifazane bodwa yini kanti lendaba ikulunyelwa oFemale Teachers yini kuze kuti laba abangafundile benzenjani abesifazane uma befuna ukuba pakati kwalowo mhlangano? Kanti akukulunyelwa bonke abesifazane?

Sengikuzwile wena Champion ukuti owendoda kayeke, ucabanga ukuti uma kubonwa inhlava pakati kwesifazane aakiti kuyekwe nje ngoba wena ujabulela loko beyinala yazo zonke izizwe ngokufishane wena uqonde ukuhlazulula amahlazo abantu manje.

Uti kuMiss Makanya ungase umvezele amehlo abantu njengoba umazi. UMiss Makanya akashongo ukuti yena ulungile kodwa uyafisa ukuba abakubo babuye kuloku abakwenzayo. Noba akalungile noba ulungile kodwa ufisa okuhle. Kwavela abantu abaningi bemvumela ukuti liyiqiniso lelizwi lake bengasho nabo ukuti sikuvumela ngoba sikwazi ukuti ulungile, bevuma izwi lake. Wena seuvela usuti naye uyamazi ungase umtshele konke.

Wena Champion autandi ukwahlulwa uzama ngako konke ukugcina. Sengi gcina kepa ngikuluma nje angikwazi nawe ukuti ungumuntu muni ebantwini bengingajabula keungitshele lesibongo sako siyini noma esokuvela noma owaziqamba sona nje ngokwako mhlaumbe esepepa nje. Akuso esaziwa zihlobo zako ebuntwini? Ngojabula Mr. Champion ukungityele ukuti uyini wena ngalesibongo sako nangemvelo yako nabakuzalayo ukuti bayini. Ungasho ukuti ngiyakwedelela noma ngibuza indaba engakulunywayo ngomteto ayiko ngapandhle ipakati ngalesibongo sako. Ngicela impendulo ngomusa vuma ngime.

Yimi owako,
J. M. MKUNI

Ukunkenketa Kwekanda

Ukunkenketa kwekanda kubangwa ukukatala kwemitambo yonke emzimbeni kodwa into noko ngoba kuyazibonakalisa ukuti imi yako ayisahambi kahle. Ngapandhle kwokuba ukuhlakanipele nokuba wake ngendhlela elukuni emva kwaloko.

Ukupumula akusiso sonke isikati. Nangokupumula okwaneleyo ukwa futi nayo ayitoli ubungcono. AmaPink Pills kaDr. Williams iwona muti ongeke ulinganiswe namuti ekwelapeni bekukufa.

Atolisa ubungcono ngendhlela efanele yokuqala, ewenga igazi elihle aqinise nemitambo. Ngokuba namandhla kwamaPink Pills kaDr. Williams nokuduma kwamandhla awo kuqiniseki le ukuti uma ku ukufa kwalolohlobo kwemitambo uyoba nabo ubungcono obukulu.

Kuwona akuko luto olulimazayo. LamaPills agcinwa abatengisi bemiti nabezitolo noma ungatumela u3s. 3d. ibhodhlela lilinye, eyisitupa 17s kwaDr. Williams Medicine Co, Long Street, Cape Town.

IZINCWADI! IZINCWADI!

AmaBhaibhele NamaCulo eziNkonzo zonke neziNgoma ZamaChoir zitengiswa lapa ngu:—

F. M. CELE,
ABANTU BOOK-SELLER,
Native Market, Victoria Street,
DURBAN, NATAL

BONKE BANAWO OMKEMISI.

Izinyanga zemiti zelapa ngawo okaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula ngoba uqeda ukuzibinya kwesisu nobuhlungu basematunjini ngokushesha okudhlula yonke ezingayitakayo. Yini po, ukuba uze ukokele uDotela ube ungahle uwutole nakumupi umKemisi? Igabha lihlala iminyakanyaka akuko muzi okuswelekeyo uhlale ngapandhle kwawo. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ingozi Yemihla Namalanga.

ESIFWENI SESIKUMBA.

Izibonakaliso ezivamileyo esifweni sesikumba noma ukuqaqamba kwomzimba, ukufuta kwesikumba sasekanda noma kuyizilonda emalungwini omzimba zifanele ukuba zelashwe kahle ngo Zam-Buk, zingaze ziqale ukuba uzozo, nemzikizekane noma yilupi olunye uhlobo.

UZam-Buk ingxube yayo yonke imiti enamandhla okupilisa nawokupozisa, Kaunawo amafuta engulube noma awasipi isilwane esicepunga elii, futi kaunamtofu nalukete nama iyip'ins'mi i egwalayo.

ODotela naoNurse bayaunconia kakulu uZam-Buk kulabo abalashwa yibo, njengokubonakala kwawo, akuma ngaiisi ukuti odumweni lwawo usupilise izinkulungwane eziningi kwezozo, nezilonda, nemicoboko, nezangasemva ezingopiyo, nomuna wezingane nombandamu nesihlungu. Akuko luto olufana noZam-Buk nolupilisa kahle, akuko luto nolushesh'ukupolisa nge ikatshana esincane, lube lubiza imali encane kangaka.

Umuti ohlala ulungile njalo nowelapa isikumba edingwa yiwo wonke umuntu.

Utengiswa kuwo onke amaKemisi nezitolo, ngo 1s. 6d. noma ngo 1s. 9d. ngedosha noma utunyelwe ngePosi, abenzi bawo, eCapetown, No. 9, Long Street, Capetown.

ZAM-BUK
FOR CUTS, BRUISES & SORES
AT HOME & AT THE FRONT.

NGESISA.
AKUPNWA MALI.



IMIGEXO EMIHLE, IZINDANDATO AMAWATSHI ABESILISA NABESIFAZANE.

Tumela ibizo nge Post Card. Siyakutumela amaka ezimbali eziqakazayo, ngapandhle kokuba ukoke uto. ...wena utengise ngayo losende ezihlotshe... zako naku bakelwane bako ngo 6d. ngomtwaywana (nxa ungakuyenza) kuti uxa usitumela imali, tinake sikutumele IWATSHI noma UMGEXO noma INDANDATO.

KUMBULA UKUTI AKUKO OYOKUKOKA WENA, ngoba usende ... kuwe ngapandhle ... Okuyikona kuba... ...amaka etu amahle kakulu, ... ngoba sazi kahle ... ubani oyowatola wojabula ... ezihlotyeni zake. Sino... ebuningi esingabucelanga. ... kwaba:

NATIONAL SUPPLY CO.,
PARKER'S BUILDING DEPT,
BURG STREET,
CAPE TOWN.

Zonk'izifo ezisesitsi
NAZO ZONKE IZIFO ZESIKUMBA
ZINGELASHWA, MAZELASHWE
ngeMelcin

INXANZI YOMUTI UKUHLANZA IGAZI ngokushesha futi okokupela, akukatalekile noma isifo sako sisidala kangakanani. Welapa imicoboko, nezindhlala, zomzimba, nezifo ezivezwa amanzi awanacibilindi nangahlahlile, nezifo ezinye nanuuxeba angalapekiyo, nezozo, nomzimba omubi, nezixixayo, namatumba nesihlungu kuwohloka kona manje ngalomuti.

Sewelapa amakulu eziguli ezase zihlule odotela, nezibhodhlela neminye imiti.

Yi 5/6 ne 10/6 ne 21/ ngegabha kwo Troye Pharmacy, Ltd., engesini ka Commissioner no Troye Street, (Box 5595), Johannesburg.

Isigcobo seMelcin selapa isitembuzane sokuqubuka, nokuluma, nesipi sifo sesikumba. Ngo 3/- ngedosha ingalikeleli ipesi.

UYAHAMBA IZWE NA?

Umuntu kaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula kuhle ukufakwe ezimpahleni ohamba nzipete ngesandhla inxa useke uhambe izwe. Ukungqaka kwenye, nasekudhla nokushisa konke kubangwe izise, loku ... amakutolwa esitimeleni ... Kungakulimaleki ... nokuzizolile ... yibo bonke abatengisi.